




Ubuhlomisa izingane zethu
ngelikusasa.

Pre SS

Isihloko sesifundo: Ukwabelana

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya



Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **Ukwabelana**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi uthule kanjani lesi Sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofaza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	<p>Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo:</p> <ul style="list-style-type: none">• IBhayibheli• Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe• Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll.• I-Vidiyo kiliphi okuyisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho• Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). <p>Qaphela:</p> <p>2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile.</p> <p>2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho!</p> <p><i>Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.</i></p> <p>2.3: Lesisifundo silungele ibanga – Pre-SS.</p> <p>2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.</p>
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba uthule ngayo.



Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo


Siyaqhubeka nokwabelana ngezululeko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. Isibonelo: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela.
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sePre-SS nomunye umndeni osifundayo nawo.
2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.
3. Khululeka ukwenza olwako ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.
4. Khuluma noMxhumanisi webandla lakho noma uThisha bazimisele ukukusiza.



Isifundo

Isihloko

Ukwabelana

Inhloso yesifundo

Ukwabelana kuletha ubudlelwane nenjabulo

Isifundo esifingqiwe:

Namuhla isifundo sethu sihluke ngandlela thize ngoba akuyona indaba eseBhayibhelini, kepha ngumyalezo ovela kuBaba wethu waseZulwini. Uma sifunda iBhayibheli, sifunda nangokwabelana.

Namuhla sizofunda ukuthi ukwabelana kuletha ubudlelwane, injabulo nezibusiso.

Uyabona uJesu Kristu usifundisa ukuba sabelane. Sithola izinto eziningi ezinhle nezilungile zomzimba nomphfumulo, ezivela kuBaba wethu waseZulwini.

Konke esinakho kuvela kuBaba wethu waseZulwini ngakho-ke asikwazi ukuzigcina zonke kithi ngokwethu. Njalo sifuna ukuzijwayeza ukunikeza ingxenye yalokho esinakho kwabanye. Asifuni ukuba nobugovu.

Ukupha abanye kubizwa ngokuthi ukwabelana. Lapho sabelana nomndeni wethu, abangane noma labo abaswele, siba nomuzwa omuhle, angithi? Kuyasenza sizizwe sithokozile futhi kwenza nalabo esabelana nabo, bajabule.

Ingabe ikhona indlela elungileyo nengalungile yokwabelana na? (buza ingane ukuthi icabangani)


Ake sibheke ezinye izibonelo zokwabelana:

Ukwabelana nge-sangweji nomngani. Iyiphi indlela engcono kakhulu yokwabelana na?

- Uyabavumela yini ukuba balume isangweji yakho na? Noma
- Ingabe uyamupha umngane wakho ucezu lwesangweji yakho na?

(Yituse ingane yakho lapho iphendula ngokuthi "iyamupha umngane wayo ucezu")

Ngokunikeza ucezu lwesinkwa, kungumkhuba omuhle, futhi wenza umngane wakho azizwe ebalulekile kakhulu.



Konke mayelana nokwabelana

Esinye isibonelo yilesi: Ukwabelana ngamathoyizi akho

- Uma unosuku lokudlala ekhaya uyabavumela yini abangane bakho ukuba bakubukele udlala ngamathoyizi akho na? Noma
- Ingabe uyabamema ukuthi bakhethe ithoyizi abazodlala ngalo nawe na?

Uphinde waphendule kahle, kuhle ukwabelana kukhombisa ukuthi awunabo ubugovu futhi ukwabelana kuletha injabulo enkulu.

Khumbula ukwabelana ngamathoyizi akho nomfowenu noma udadewenu nakho kuyamjabulisa uJesu.

Isibonelo sokugcina: uKwabelana esontweni


• Ucabanga ukuthi singabelana kanjani esontweni na? (Ialela impendulo yengane)

- ü Ngokwabelana ngezincwadi zethu zamaculo nomngane ohleli eceleni kwethu esontweni ongenayo incwadi
- ü Ngokuvumela abangane bethu ukuthi basebenzise amakhrayoni ethu esikoleni sangeSonto,
- ü Ngokwabelana ngesikhathi sethu ukuhlanza indlu kaNkulunkulu, noma ukukhulekelana, noma uma omunye wabangane bethu ebengekho esifundweni se -SS singacela ukuthi sitshele umama noma ubaba ukuba singabashayela yini ucingo ukuze sibatshele ukuthi ngabe isifundo sethu kuleliviki besimayelana nokwabelana.

Lapho sabelana, sifunda nokunakekela.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

- UNkulunkulu usibiza ukuba sabelane nabanye nalabo abaswele.
- Ukwabelana akubusisi nje kuphela labo esibaphayo kepha kusivumela ukuba nathi sibusiswe.
- Lapho sabelana nabanye kusho ukuthi siyabakhathalela.
- Ukwabelana kusenza sijabule nabanye.
- Okubaluleke kakhulu lapho sabelana lokho kwenza uJesu ajabule kakhulu...



Eminye imibuzo esingayibuza:

Q: Kusho ukuthini ukwabelana na?

A: Ukuthatha kulokho onakho uphe abanye.

Q: Uyini umvuzo wakho wokwabelana na?

A: Umngane ojabulile futhi obongayo.

UJesu ojabulile - ngoba nawe wabelana ngendlela enza ngayo. Futhi nezibusiso ezikhethekile!

Imikhuleko yethu

Umkhuleko kaBaba noMama okhulekwa ngaphambi kokuqala isifundo:

Nkulunkulu othandekayo, siyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Masizwe ubukhona baKho

Busisa isifundo esiyoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi sisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule siseduze kwaKho

Thumela uJesu azosilanda

Kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen



UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen



Notes
